## ISONTO 6 INKATHI YEPHASIKA – IMIKHULEKO EMINDENINI – 17 May 2020



*"UJesu wathi kubafundi bakhe: "Uma ningithanda niyakugcina imiyalo yami. Ngiyakucela kuBaba, uyoninika **uMmeli** ukuthi abe nani njalo, **lowoMoya weqiniso** izwe elingayukumamukela ngoba alimboni futhi kalimazi, kodwa nina niyamazi, ngoba unani, futhi ukinina.*
***Anginakunishiya niyizintandane; Ngizobuya." '***

***Lungisa itafula elincane, isiphambano, amakhandlela, iBhayibheli, umfanekiso wabacwebileyo uma unawo. Leli iLati loMndeni lokuhlanganela uma kukhulekwa. Khethani phakathi kwenu ozohola ngemikhuleko, abazofunda izifundo nezinxuso, nabazohola ngamaculo...***
**Iculo lokuvula: ………………….**

**Umholi**:
Ngegama likaYise beneNdodana noMoya oCwebileyo.
**Bonke:** Amen.
**Umholi:**
Umusa noxolo okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu neNkosi yethu uJesu Kristo makube kini.
**Bonke**: Kube nomoya wakho futhi.

**Umholi:**
Malunga womndeni athandekayo, sazi kahle ukuthi akuzona zonke izikhathi lapho siphila khona impilo yethu ngendlela uJesu afuna siyiphile ngayo, masicele intethelelo nempilo entsha kuye, uMoya wakhe oCwebileyo usivuselele kabusha, njengoba sikhuleka ngokuzithoba:
**Umholi:** Nkosi Jesu, uvusela abafileyo ekuphileni eMoyeni: Nkosi sihawukele.
**Bonke:** Nkosi sihawukele.
**Umholi:** Uletha intethelelo noxolo kwizoni: Kristo sihawukele.
**Bonke**: Kristo sihawukele.
**Umholi**: Uletha ukukhanya kulabo abahlezi ebumnyameni: Nkosi sihawukele.
**Bonke**: Nkosi sihawukele.

**Bonke:** Makasihawukele uNkulunkulu uMninimandla onke, asithethelele izono zethu, asiyise ekuphileni kwaphakade. Amen.

**Kuyaculwa noma kushiwo :** UDumo kuNkulunkulu kweziphezulu….




**<u>UMKHULEKO WOKUVULA:</u>**
**Umholi:**
**Masikhuleke ukuthi siphile ukholo esiluvumayo.**
Nkulunkulu ophila phakade, sisize siphile intokozo yethu ekuvukeni kweNkosi uJesu Kristo, bese siveze ngezimpilo zethu imisebenzi yothando emindenini yethu nasemphakathini. Konke lokhu sikucela ngeNkosi yethu uJesu Kristo, iNdodana yakho ephila ibusa kanye nawe nibunye noMoya oCwebileyo ninguNkulunkulu munye izikhathi ngezikhathi.
**Bonke:** Amen.
**Iculo noma ichorus ngaphambi kwezifundo:** ………..

## *<u>IZIFUNDO:</u>*

### Isifundo sokuqala sithathwe encwadini yeZenzo zabaPostoli: 8:5-8, 14-17

**IHubo lesiphendulo** **PS 66:1-3, 4-5, 6-7, 16, 20**
**Yesasani kuNkulunkulu, nina mazwe onke.**

Mhlokomeleni uNkulunkulu, nina mazwe onke,
hlabelelelani ubukhosi begama lakhe

Mhubeleni nimdumise, nithi kuNkulunkulu:
Yeka imisebenzi yakho yesabeka kakhulu!" **Yesasani...**



"Wonke umhlaba mawukhuleke kuwe, ukuhlabelelele,
uhlabelelele igama lakho!"
Wozani niyibonge imisebenzi kaNkulunkulu,
wenze okunqabile kubantwana babantu. **Yesasani...**

Waguqula ulwandle, lwaba umhlabathi owomileyo;
bawela emfuleni ngezinyawo;
ngalokho masijabule ngaye.
oyobusa ngobukhosi naphakade. **Yesasani..**

Wozani nizwe nonke enimesabayo uNkulunkulu,
nginitshene lokho akwenzele umphefumulo wami.
Makabongwe uNkulunkulu ongalanga isicelo sami,
akasusanga umusa wakhe kimi. **Yesasani...**

## Isifundo sesibili sithathwe encwadini yokuqala kaPetrus: 3:15-18



**Alleluia, alleluia.**
Uma umuntu engithanda uyakugcina izwi lami, kusho iNkosi, uBaba uyakumthanda siyakuza kuye.
R. **Alleluia, alleluia.**

## IVangeli ngokukaJohannes: 14:15-21

***Emva kwezifundo umndeni uhlala phansi, wabelane ngamazwi athinte izinhliziyo zawo, nokuthi angaphilwa kanjani emndenini.***



## IZINXUSO:

***Umhloli:***

Malunga womndeni athandekayo, izwi likaJesu nomusa woMoya oCwebileyo kuyasiqinisekisa ukuthi uselokhu enathi njalo futhi esifuzelela ukuthi sikhuleke. Ngezinhliziyo ezinoxolo sethula izidingo zethu nezomhlaba wonke ekunakekeleni kothando lukaNkulunkulu.

**Ofundayo**

**1.** Sikhulekela abaholi beBandla – uPhapha wethu uFrancis nabaBhishobhi, njengababambeli babaPostoli, sengathi bangafundisa ngokucacile, bahole iBandla ngothando bekhuthaza inkululeko yabantwana bakaNkulunkulu: Nkosi silalele.
**Bonke:** Nkosi, silalele ngomusa.

**2.** Nkulunkulu onoThando, sikhulekela abagulayo nabanezinkinga, abesabayo nabangabodwana, sikhulekela labo abasezinhlungwini emakhaya, emsebenzini, emigaqweni. Sikhulekela ukuthi bonke abanosizi, bezwe ukusindisa kukaMoya. Ngokukhethekile sikhulekela labo abaguliswa yigciwane lekhorona nabasebenzi bezempilo ababhekene nayo lempi ngqo ezibhedlela nasemitholampilo: Nkosi, silalele.
**Bonke:** Nkosi, silalele ngomusa.

**3.** Jesu Kristo, melaphi wabo bonke, yiba seduze kwethu ngalesisikhathi sokuxakeka nosizi. Yiba nalabo abashone ngenxa yesifo sekhorona. Mababe sekuphumuleni Nawe oxolweni lwaphakde. Yiba nemindeni yalabo abagulelwayo neyasebeshonelwe. Njengoba bekhathazekile belila, bavikele ekuguleni nasekulahlekelweni yithemba. Sengathi bangazi uxolo lwakho. Nkosi, silalele.
**Bonke:** Nkosi, silalele ngomusa.


**4.** Nkosi eneSihawu, iba nodokotela, nabahlengikazi, nabo bonke ososayensi abaphenya ngokokwelapha, ubasize umsebenzi wabo ube yimpumelelo njengoba bebeka impilo yabo ebucayini. Benze bazi ngoxolo nokuvikela kwaKho: Nkosi, silalele.
**Bonke:** Nkosi, silalele ngomusa.

**5.** Nkulunkulu, Mdali noBaba wethu, yiba nabaholi bezizwe zonke. Babonise ekumele bakwenze ngothando neqiniso benzele ubuhle babo bonke abamele ukubasebenzela. Baphe ukuhlakanipha bathole isixazululo ekuvikeleni abantu bangabhujiswa yisifo. Sengathi bangazi ngoxolo lwakho, njengoba besebenza ngokubambisana benzela impumelelo yomhlaba: Nkosi, silalele.
**Bonke:** Nkosi, silalele ngomusa.

**6.** Ngokunxuselwa nguJohannes Paulus wesibili oCwebileyo, uPhapha, obezokuba neminyaka engu 100 ngomhlaka 18 kuMay, sikhulekela umndeni wethu nemindeni yonke emhlabeni, ukuthi iqiniswe nguMoya oCwebileyo, ibe ngamabandla amancane, lapho umoya wokukhuleka, ubumbano nothando olumiyo kukhona. Nkosi, silalele.
**Bonke:** Nkosi, silalele ngomusa.

**7.** Sikhulekela amalunga womndeni wethu angasekho emhlabeni….. nabo bonke labo abashona ngalesisikhathi, sengathi bangathatha indawo yabo eJerusalema elisha lapho uNkulunkulu neMvana bezokuba ukukhanya kwabo: Nkosi, silalele.
**Bonke:** Nkosi, silalele ngomusa.

**UMholi.** Baba, uzakhele indawo yokuhlala phakathi kwethu. Yizwa imikhuleko yethu, ufezekise izinswelo zethu, bese usiphe insindiso yakho. Sikucela lokhu ngoKristo iNkosi yethu. Amen.




## UMKHULEKO WOKUNXUSELWA NGUJOHANNES PAULUS II

O buThathu obuCwebileyo, siyakubonga ngokubusisa iBandla ngoJohnnes Paulus II oCwebileyo nokuvumela ubumnandi bokunakekela kobubaba bakho, nobukhazikhazi boMoya wothando ukuthi bukhanye ngaye. Ethembele ngokuphelele esihawini sakho esingapheliyo nasekunxuleselweni nguMaria oCwebileyo, usinike umfanekiso ophilayo kaJesu uMalusi oMuhle. Usikhombisile ukuthi ukucweba okukanoma ngubani ophila impilo yobuKristo futhi kuyindlela yokufinyelela ekuphileni kwaphakade nawe. Siphe, ngokunxuselwa nguye, nangokwentando yakho, igrasia esilicelayo…………..
Sicela lokhu ngoKristo iNkosi yethu. Amen.

### Ukuzinikela kuMaria

Nkosikazi, Mame, Ngiyazinikela kuwe lonke uqobo lwami; ukuba ngibonakalise ukuzinikela kwami kuwe, sengiyakwahlukanisela wena namuhla amehlo ami, nezindlebe zami, nomlomo wami, nenhliziyo yami, noqobo lwami lonke. Njengalokhu sengingowakho Mame omuhle, ngikhweze ungivikele, njengempahla nemfuyo yakho. Amen.



<u>**UMkhuleko weNkosi:**</u>
**Siqoqela imikhuleko yethu ndawonye, ngokunjalo naleyo esekuthuleni kwezinhliziyo zethu,**
**Sithandaza ngamazwi iNkosi eyasifundisa wona sithi:**
**Baba wethu...**

## lRosary leGciwane leKhorona

***Inspired and created by "a Friend of Our Lady"***
Facebook: https://www.facebook.com/A-Friend-of-our-Lady-111487553651637
**Ngegama likaYise beneNdodana noMoya oCwebileyo, Amen.**
**"Maria oCwebileyo, Nina weSihawu neThemba, lalela ngomusa imikhuleko yethu.**
**Ngiyakholwa…. Baba wethu….**
Sandisele ukuzinikela kwethu kuMaria, uNina kaNkulnkulu, iVirigo elinamandla

kakhulu, neVirigo elinesiHawu kakhulu, noMphilisi wabagulayo, noMduduzi wabalusizi, iThemba labangenathemba, noMduduzi wababafayo siyakhuleka, ***Yethi Maria (3x)... UDumo...***

***1.*** **IMfihlo yokuqala yeRosary lokuhlupheka – uJesu wajuluka igazi ngenxa yethu**
Mame uMaria, emva kwesidlo sokugcina uJesu wahamba waya eNgadini yaseGetsemane wakhuleka kuBaba wathi, "Baba uma uthanda, susa lendebe yokuhlupheka kimina, kodwa kungabi yintando yami kube yintando yakho." Mame uMaria umhlaba ubhekene nendebe eyethusayo kakhulu yenhlupheko yegciwane lekhorona. Asikwazi ukuyibalekela. Sinxusele kuBaba, asisize njengoba asiza uJesu sikwazi ukubhekana nayo, siyamukele siyilwe ngethemba nesibindi. **Baba wethu... Yethi Maria (10x), UDumo... O Jesu wami othandekayo...**

**2. IMfihlo yesibili yeRosary lokuhlupheka – UJesu washaywa ngenxa yethu**
Nkosi Jesu, ngokuyalela kukaPilatu wathathwa waboshelwa ensikeni lapho amasosha akushaya khona ngeziswebhu. Namuhla umhlaba wonke ushaywa kanzima yigciwane lekhorona . Wabekezela washaywa kwaze kwaphela. Yilokhu esikukhulekelayo, ukuthi kuphele igciwane lekhorona nesiphithiphithi elisidalayo phakathi kwezimpilo zabantu.
**Baba wethu... Yethi Maria (10x), UDumo alube...O Jesu wami othandekayo...**

***3.*** **IMfihlo yesitathu yeRosary lokuhlupheka – UJesu waqheliswa ngameva ngenxa yethu**
Walila ngosizi olunzima, Mame omnene, uzwa ubuhlungu ngokuhlupheka kweNdodana yakho edumisekayo.' UMaria oCwebileyo uyayazi inhlupheko yeziguli zegciwane lekhorona neyabomndeni nabangane. Masicele uMaria oCwebileyo, iThemba labangenathemba, asinxusele ukuthi abathandiweyo bethu basinde egciwaneni lekhorona.
**Baba wethu... Yethi Maria (10x), UDumo alube...O Jesu wami othandekayo...**

**4. IMfihlo yesine yeRosary lokuhlupheka – uJesu wetshatha unqamulezo ngenxa yethu**
Endleleni eya eKalvari amasosha acela usizo kuSimon waseKerena ukuthi asize uJesu ukuthwala isiphambano. Nkosi isiphambano esisithwele segciwane lekhorona sithele umhlaba wonke phansi ngokwesinda. Odokotela nabafuna ikhambi bazabalaza njengoSimon; ukunciphisa umthwalo. Nkosi busisa imizamo yabo ubasize baphumelele.
**Baba wethu... Yethi Maria (10x), UDumo alube...O Jesu wami othandekayo...**

**5. IMfihlo yesihlanu yeRosary lokuhlupheka – UJesu wafela onqamlezweni ngenxa yethu**
Ekugcineni Nkosi Jesu, wagebisa ikhanda wafa. Igciwane lekhorona selithathe izimpilo zezinkulungwane ngezinkulungwane zabantu. Baningi abasezokufa. Siyabakhulekela ngesikhathi sokufa kwabo, bebodwa bahlukanisiwe njengawe, okungathi balahliwe. Waphendukela kuYihlo ekugcineni kwempilo yaKho. Sengathi bonke labo ababhekene nokufa kwabo bangenza okufanayo bazinikele kuBaba ngokholo. **Baba wethu... Yethi Maria (10x), UDumo alube...O Jesu wami othandekayo...** ***Yethi Nkosikazi...***

## Umkhuleko wokwamukela ngokoMphefumulo kaSt. Alphonsus Liguori

**Bonke: Jesu wami ngiyakholwa ukuthi ukhona ngempela eSakramenteni eliyiNgcwele kakhulu laseLatini, Ngiyakuthanda ngenhliziyo yami yonke, ngenxa yalokhu kukuthanda ngiyazisola ngazo zonke izono zami. Umphefumulo wami ulangazela Wena Sinkwa sokuphila. Awuze kimi negrasia lakho, uhlale kimi njalo.**
**Ngithanda ukuba ngibe nawe ekuphileni nasekufeni kwami. Amen**

**Nkosikazi yezulu**, yethaba, Alleluia!
ngoba lowo owawufanele ukumthwala, Alleluia!
Uvukile njengoba ayeshilo, Alleluia!
Sikhulekele kuNkulunkulu , Alleluia!
Thokoza wethabe Virigo uMaria, Alleluia
Ngoba iNkosi ivukile impela, Alleluia

**Asikhuleke**: Nkulunkulu wena owathanda ukuthokozisa umhlaba, ngokuvuka kweNdodana yakho ethandekayo uJesu Kristo, siyakuncenga, yenza ukuba ngoMzali wayo, iVirigo uMaria, sithole izintokozo zokuphila kwaphakade. Sicela ngoKristo iNkosi yethu. Amen.

***<u>Isibusiso sokugcina</u>***
<u>Bonke bayathandaza:</u> **Mayisibusise iNkosi, isivikele kokubi, isiyise ekuphileni kwaphakade. Ngegama likaYise beneNdodana noMoya oCwebileyo. Amen.**

*Owenu kuKristo, ngiyanikhulekela nonke,*

+ Stanislaw Dziuba, OSPPE

**Bishop Stanislaw Jan Dziuba, OSPPE**
***UMbhishobhi weBandla eliKhatholika leSifundabhishobhi saseMzimkulu***

